# UMasipala waseMsunduzi

## ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL
## KZN225

KUMENYWA AMALUNGU OMPHAKATHI UKUBA AZOKWETHAMELA IMIHLANGANO YEKOMIDI ELIBHEKELELA UKUSETSHENZISWA KWEZIMALI ZIKAMASIPALA WASEMSUNDUZI EZOHLALA NGALEZI ZINSUKU EZILANDELAYO:

- **ULwesine mhla ziyi-13 kuNhlolanja (Febhuwari) 2020, ngehora le-10:00 ekuseni eHholo leDolobha, Egunjini leKomidi lesi-3**
- **ULwesibili mhla ziyi-18 kuNhlolanja (Febhuwari) wezi-2020, ngehora le-10:00 ekuseni, e-Harry Gwala**
- **ULwesithathu mhla ziyi-19 kuNhlolanja (Febhuwari) wezi-2020, ngehora le-10:00 ekuseni, e-Harry Gwala**
- **ULwesibili mhla zingama-25 kuNhlolanja (Febhuwari) wezi-2020, ngehora le-10:00 ekuseni eHholo leDolobha, Egunjini leKomidi lesi-3**
- **uLwesine mhla zingama-27 kuNhlolanja (Febhuwari) wezi-2020, ngehora le-10:00 ekuseni eHholo leDolobha, Egunjini loMkhandlu**
- **ULwesithathu mhla zi-4 kuNdasa (Mashi) wezi-2020, ngehora le-10:00 ekuseni eHholo leDolobha, Egunjini loMkhandlu**
- **ULwesithathu mhla zingama-25 kuNdasa (Mashi) wezi-2020, ngehora-10:00 ekuseni (Emhlanganweni woMkhandlu okuyokwethulwa kuwo Umbiko Ngokudinga Ukuqondiswa)**

Ukwamukelwa koMbiko Ngokudinga Ukuqondiswa ekusetshenisweni kwemali, umbhalo wenqubo yokubika kukamasipala ofakwa ekugcineni. Ngokwesigaba se-129 se-MFMA (Umthetho wokuPhathwa kwezeziMali zikaMasipala), uMbiko Ngokudinga Ukuqondiswa uyisidingo futhi ubophezela Umkhandlu ukuba wamukele Umbiko Ngokudinga Ukuqondiswa esikhathini esingekho ngaphezulu kwezinyanga ezimbili ngemuva kokuba Umbiko Wonyaka wethuliwe.

Umbiko Wonyaka wakwaMasipala waseMsunduzi wonyakazimali we-2017/2018 wethulelwa uMkhandlu mhla zingama-25 kuMasingana (Januwari) 2020 futhi uvulelekile ukuthi ubhekwe amalunga omphakathi kanti uphinde washicilelwe naku-webhusayithi kaMasipala ethi www.msunduzi.gov.za. Amakhophi awo lombiko ayatholakala kulawa mahhovisi agcina ulwazi alandelayo:

| Area Office | Contact Name/s | Contact Number/s |
|---|---|---|
| Vulindlela | Caleb Magubane/ Nomzekelo Magwinyane | 033-392 2958/3691 |
| Ashburton | Xolile Hulane/ Nomanga Daba | 033-392 3281/2555 |
| Edendale | Themba Lyons / Mthabiseng Motaung | 033-392 3171/2957 |
| Imbali | Sasa Mngadi / Bongiwe Mtshali | 033-392 3622 / 2897 |
| Northern Areas | Anwar Hoosen/ Xolani Ntshangase | 033-3923117/ 387 3168 |
| City Hall | Lacil Pillay | 033-392 8709 |

Umphakathi uyaziswa ukuthi izingxoxo ngoMbiko Wonyaka ziyokwenziwa emihlanganweni njengoba ihleliwe ngenhla, kuyobe sekusungulwa uMbiko Ngokudinga Ukuqondiswa bese kuphakanyiswa ukuthi wamukelwe nguMkhandlu Ophelele.

**Umphakathi uyacelwa ukuba uthumele ukukhathazeka onakho ngoMbiko Wonyaka ngokombhalo lapha:**

**Ehhovisi leMenenja yeDolobha**
**Ref: Umbiko Annual Report 2017/2018**
**Private Bag X321**
**Pietermaritzburg**
**3200.**

**Noma**

**Bathumele i-imeyili ku: madeleine.jackson@msunduzi.gov.za**

**Usuku lokuhambisa olungumnqamulajuqu: uLwesihlanu, zingama-21 kuNhlolanja (Febhuwari) 2020.**

…………………………….
**N. NGCOBO**
**I-MENENJA YEDOLOBHA (EBAMBILE)**